


HEALTH

ISIBANI NEWSLETTER...
Volume 02 / 2010

# INGANE EPHAPHAME ISIYA EMAKHAZENI



**Esithombeni ngakwesokunxele u R/N -RS Jele osebenza ewodini lasebetetile kanye nomama wengane ophethe ingane yakhe ayengazitsheli ukuthi usayophinde ayiphathe**

**INSIDE THIS ISSUE**

Capping ceremony group 10/2009 - Pg 02

Kugonyelwa uvendle nesimungumungwane Pg 03

Zamokuhle Home Base Care Pg 04

30 Years in Switchboard 05

HCT Launch— Pg 06

Kuqwashiswa abantwana nge-Human Trafficking

pg 07

10 Days counseling course –Pg 08

Kwenzeka inganekwane kumama wengane owayesekhale waze wakwamukela ukuthi ingane yakhe ayeyikhulelwe ishonile. Lokhu kwenzeka emuva kokuba elaliswe egunjini labaphethwe yizibeletho kulandela ukuphuma kwesisu esasinezinyanga eziyi—7. Ingane yaphuma ithule esetsheliwe ukuthi ingane iphume ishonile.

*"Ngibonga bonke abahlengikazi kusukela e wadini labagula ngezibeletho, nasewodini lasebetetile ngosizo lwabo kimi. Besengizitshelile ukuthi mina angisezukugona lutho kulandela ukuphunyelwa isisu kanti uNkulunkulu yena unelakhe isu".*

Kwathi lapho ingane (isidumbu) sesilungiselelwa ukuyiswa emakhazeni, yaphaphama. Umama wengane, onesi nabo bonke abanye ewodini kwaba inganekwane emini bebade kubo ukubona ingane ivuka ekubeni wonke umuntu ngisho nodokotela sebebhale emabhukwini ukuthi ingane iphume "ithule". Kwaba izinyembezi zenjabulo kumama kodwa futhi engakholwa ngoba naye wayezibonele ngawakhe ingane ithule. Yabe isithathwa ingane yaphuthunyiswa egunjini lezingane ezizelwe ngaphambi kwesikhathi lapho eyahlaliswa khona izinyanga ezimbili nomama wengane eyigadile. Esephuma esibhedlela wabonga onesi ngesineke sabo nangendlela abamsize ngayo kwaba izinyembezi zenjabulo futhi.

# CAPPING CEREMONY FOR GROUP 10/2009 WAS LIKE A GRADUATION CEREMONY



**New nurses pledging with lighted candles**

Hlabisa Sub-campus Nursing School had a capping ceremony for Group 10 /2009 . This big day was on the 15th of April 2010 at Hlabisa Hospital Chapel.

Everyone attended this day was blessed and motivated by all speakers including the Priest who opened the function with a prayer and encouraged them towards being fruitful to the organization.

They entered the venue with a very well planned march where everyone wish could be one of them or join them in their white clothing. Mrs. G.C. Nkala explained the essence of capping.

"Go out there and make people feel that there is no other nurse better than you" those were the motivational words from the Speaker of the day who was Mrs. Mlotshwa an Operational Manager at Gateway Clinic.

On her speech, she motivated students that this is the beginning, let nothing stop them on their way, they must know and respectc themselves, have vision, each one to set his/her own goal.

They were also encouraged about respecting their uniforms and not to wear it in shebins and taverns. As new nurses, they were also taught to use each and every skill and knowledge they got at the college and to be proud of themselves.

They should know and practice patient's rights and Batho Pele. Mrs. S.R. Mtshali; the Nursing Manager, Mrs. Z.A. Xulu; the Principal and Mr Sibiya; the lecturer capped all new nurses and that is when the ceremony was like the graduation ceremony.

Old nurses were remembering "in my time" . After the capping session Ms TJ. Gxekwa and led the lamp lighting and pledge of service where new nurses were pledging on their duties as Nurses. They responded by singing and dancing showing their gratitude towards all speakers and being Nurses. The function ended as a graduation ceremony.



Nursing Manager, Principal capping nurse and Sir Sibiya



**NURSES SINGING WITH THE PRINCIPAL WHO WAS HAPPY AS NEVER BEFORE**

# YAHAMBA KAHLE I-CAMPAIGN KA APRIL 2010 NABANTU BABEPHUME NGOBUNINGI BABO



**Omama bezingane nezingane zabo bezogomela uvendle nesimungu-mungwanaemtholampilo**

kodwa kwaze kwagamanxela evikini elilandelayo lika May 2010 ngoba kwakungeke kuyekwe olayini bezingane bengaphelile futhi nabazali bephume ngobuningi babo ukuzogoma izingane.

Kwakuyizinsuku ezimatasatasa emkhakheni wakwa Community Services. Onesi nabo babesebenza ngokukhulu ukuzikhandla nokuzinikela benentshisekelo yokulwa nokuba kungabhebhetheki



Emakhaya kwakuthe nya, kungakhali ngane kuzwakala izinkukhu nezinyoni kuphela kwazise phela abancane babeyogoma bephume ngobuningi babo kulomkhankaso kazwelonke wokugomela uvendle nesimungumungwane ezinganeni ezizelwe kuya kwezineminyaka eyi—15. Umgomo wawuqala ngomhlaka 12-25 April 2010.

Lomgomo wawulandela ukuqubuka kwesimungumungwana ezinganeni . Umkhankaso walomgomo wawuhambela izikole, imitholampilo, izinkulisa kanye namaphoyinti okwakusondezelwa imiphakathi eqhelile emitholampilo. Phela abanye o-"dado" babekujabulela ukugoma ngoba babeconsisela kuphela bengajovi kanti abanye bona babezizwela amanandi omjovo.

Babodwa ababekhala ngoba sebejovile, babodwa abakhala ngoba bebona onesi ngoba benesazelo sokuthi unesi uyajovana.

Kwakungekho ukujika ngikhona konunuza abahamba izinkulisa ngoba bona babegoma ezinkulisenì naphasesikoleni kunjalo. Kwakungadingeki ikhadi lomgomo kuphela nje owayezogoma wayefakwa umaka ngepeni elingasheshi ukusuka ezinzisheni okwakuyilona futhi elichaza ukuthi umntwana uzogomela muphi umgomo.



**U-Sir Mazibuko egoma abafundi e-Ntuthuko Special School**

Ngenxa yobuningi bezingane ezazigonywa, lomjikelezo womgomo awuphelanga ngeviki elalinqunyiwe umhlaka 25 April

Isifo sovendle nesimungumungwane kubantwana.

Kwangathi ungaqhubeka njalo lomfutho abasebenza ngawo ekusebenzeni ngokuzinikela nokuzimisela.

# ATHWESWE IMIQHELE

# AMAQHAWE



**Abahlezi Phansi—Abasebenzi bomnyango wezempilo ababesuka esibhedlela KwaHlabisa kanti kwabamileyo osingabo ababezothola izitifiketi zabo.**

Akugcinanga ngokuba umcimbi wezitifiketi kodwa kwaphinde kwafundiswa nangezokuxhumana Phakathi komphakathi nesibhedlela nangezindlela zokudlulisa ukungaphetheki kahle, ukuncoma nima imibono (complaints mechanism), TB, HIV kanye nokudlilisa emphakathini ngehhovisi lakwa Home Affairs elingaphakathi esibhedlela elenza izififiketi zezingane

"Kuyobongwa namaqhwe aphiwe nemiqhele". Leli iculo elaliculwa i-Zamokuhle Care Givers emcimbini wabo wokwemukela izitifiketi owawuse—Mfekayi Community Hall (Nkundusi) ngomhlaka 30 ku April 2010. Izitifiketi ngezoqeqesho ku-Home Base Care kulandela uqeqesho abaluthola eNkampanini yezokuxhumana u-MTN ibambisene nesibhedlela sakwa-Hlabisa.

Leliculo babelicula bethokozela umlayezo walo othi awufane ncamashi nomsebenzi wabo ongwlula neze; odinga uthando nesineke nomthandazo . Ngokwesintu isiZulu asitolikwa kodwa lesiculo labo babethi uma sebelihumusha bathi liqonde ukuvuselela bona nabanye kulomsebenzi abawenzayo ukuba "masingapheli amandla".

Kulomcimbi i-Zamokuhle yayilokhu income njalo usizo nokubambisana okuhle Phakathi kwabo nesibhedlela nangezinsizakusebenza abazithola esibhedlela nangokukhuthazwa nokunakwa abakuthola ku Sister Hadebe okunguyena obhekele uhlelo lwakwa-Home Base Care esibhedlela. Bathi uma sebechaza ngomsebenzi wabo abavuswa ngawo emakhaya nanganoma isiphi isikhathi uma kukhona ogulayo endaweni, kwaba sengathi yibona bantu abasebenza ukudlula abahlengikazi nakhu phela bona lomsebenzi bawenza nje abalindele nzuzo.

"Kuyaye kuthi uma umuntu esegula ekhaya, abomndeni ebezwa bethi "nangu umuntu wakhoesezonele" bemnikela kubo. Bona-ke njengama Care Giver, bayaye behlise umoya bamgeze bamwashele bese befundisa umndeni ngokunakekela umuntu ogulayo nangokufihla ihlazo emindenini yabo baphinde babafundise ngothando oludingwa ngumuntu ogulayo.



**Esesandleni sokudla uMs. Hadebe (Sister) obhekele u Home base care esibhedlela kanye ne care giver**

ezizelwe.



**Umlingisi wenkondlo—imbongi**

Lolusuku lwalungadinge zinsimbi zobumndani. Ubumnandi babezenzele bona bezisholo izinkondlo ngomsebenzi wabo abawenzayo.

Usuku lwaba impumelelo amaqhawe (Zamokuhle Home Base Carers) athweswa imiqhele kulandela uqeqesho abaluthola ngosizo lwaka MTN kanye Nesibhedlela sakwa-Hlabisa nokubonga usizo abaluthola esibhedlela nangokunakwa emsebenzini wabo okwenza ukuba bawuthande banganaki nzuzo futhi kuwo.

# USESEBENZE IMINYAKA ENGAMA—30 KU SWITCHBOARD.





ABASEBENZI BAKWA SWITCHBOARD ABABENZELE U-MRS MZOLO UMCIMBI WOKUBONGA UKUSEBENZISANA OKUHLE

***From left to right***

***uMs Hlengiwe Biyela ongamele umnyango wezokuxhumana (switchboard), elandelwe usingaye u-Mrs Mzolo okunguyena obongwa ngomsebenzi wakhe ku switchboard for 30 years, uMnu. Philani kanye no Sindi***

## KUNINGI ESIKUFUNDILE KUWE MAMA .......

Lawa ngamazwi ayeshiwo abasebenzi bebonga iqhaza lika mama u Mzolo kulandela ukusebenza kwakhe esibhedlela saKwaHlabisa iminyaka engama-30 esebenza kwaSwitchboard. Uma ubheka iminyaka (30) aseyisebenzile kusho khona ukuthi ulwazi nesipiliyoni kubuzwa kuye.

"Mina ngaqala ukusebenza kwa Switchboard kusewumhlobo omdala wezincingo ezazigwedlwa ngesandla njengomshini wokugaya impuphu (gilamafomu). Kwahamba kwahamba zashintsha izincingo zaba sezingeni elinconywana ngokwangaleso sikhathi. Ngokunyuka wezinga lozobuchwepheshe kwashintsha izincingo njengoba namhlanje sesisebenza ngalolu" esho ephendula ucingo olwakhala ngaso lesosikhathi esachaza ngomlando wakhe ekusebenzeleni uHulumeni ngaphansi kwesibhedlela saKwaHlabisa.

Lomcimbi wawuhlelwe ngozakwabo bemtusa futhi bemkhuthaza emsebenzini wakhe njengesibuko sesibhedlela.



ABASEBENZI BAKWA—ADMIN BEHALALISELA U MRS MZOLO NGEMINYAKA ASEYISEBENZILE.

# HLABISA HOSPITAL WAS THE FIRST HOSPITAL TO LAUNCH HCT IN THE DISTRICT .






**Hlabisa hospital CEO led the way in doing HCT in front of employees……. Confidentiality was maintained.**

Following the launch of HCT by the President of South Africa and the Provincial Government, Hlabisa hospital was the first hospital who launched the HCT programme in the district level at Umkhanyakude District.



On the 25th of May 2010, Hlabisa Hospital launched the HCT programme where every staff member was encouraged to do it. The launch was done in partnership with Africa Centre who sponsored with a tents, catering for invited guests.

The management of hospital firstly took an initiative by doing it in front of staff members. Results were confidential. More staff members became interested in knowing their HIV status as they also took an initiative. "We usually encourage patients to do HIV test but we never done it, we really thank the management for encouraging us in this way" said one of the nurses who did HCT on the spot. Tents were placed in numbers for community and staff to use it even after the launch.

# KUQWASHISWA NGOKULAHLEKA KWABANTWANA EZIKOLENI KULANDELA UKUZA KWABANTU ABANINGI KULELI BEVELA KUWO WONKE AMAZWE BEZOTHAMELA INDEBE YOMHLABA—2010 SOCCER WOLD CUP.








Izinhlaka ezahlukene okubalwa kuzo iminyango kahulumeni eyahlukahlukene (Department of Health, SASA, SAPS, Department of Social Welfare), omasipala, izinhlangano ezizimele zaziphume ngothi lwazo zither chithi saka zilubangise ezikoleni ngenhloso yokuqwashisa abantwana ngesiphithiphithi nangokulahleka kwezingane okungase kube khona njengoba kwakuzoba indebe yomhlaba. Kwase kuqalile kuzwakala amahemuhemu okulahleka kwezingane kwezinye izindawo. Ngomhlaka 27 ku Meyi umkhankaso wawubhekiswe eNdaweni yaseMpembeni kweseNkosi uHlabisa ukuqwashisa abantwana.

Abantwana babeyalwa ngokungaphithizeli nokukhuthazwa ukuba umuntu angahambi

Ngayedwa ngoba ziningi izigilamkhuba ezize kuleli hhayi ngenhloso yokuzobuka ibhola kodwa ngokuzothola izingane ezizoba izigqila emazweni abo. Abazali nabo babephume ngothi lwabo kwazise nabo bebekhuthazwa ukuba banakekele abantwana ngaso sonke isikhathi. Ngomhlaka 27 kuMeyi Isibhedlela naso sasiwenza ngisho kubo abagulayo nasemitholampilo lomkhankaso wokuqwashisa nokuhlukunyezwa kwezingane kwazise kwakuwusuku lokulwisana nokuhlukunyezwa

Kwezingane.



Employees who benefitted in the course with their certificates.

"This is the first group to celebrate the success of getting their certificates in HIV / Aids counseling ever since I started doing training on HIV/Aids" said the Facilitator Ms Ngubane who is known as TV Bar .

The course started on 05 May 2010—03 June 2010 at Recreation Hall. It took only 2 days per week which was Wednesdays and Thursdays due to work load in sections. The arrangement was made to suit staff members in order to Make sure that nobody skip any day because of workload in his/her section. The Hospital Manager was also one of students who benefited from the course. The course also plays a role of team building as attendees became more closer to each other as before. After the workshop they were given certificates. Since they were like children of the same women they organized themselves a get together (braai) to celebrate their success following the test which gave decided who passed and who failed.

It wasn't just a course where any attendees receive a certificate. They were given assisgnements and test to write and final examination was the decider.

The team was so excited on their last day and wished the course could continue for the long period. They thanked the hospital and Philanjalo Clinic HIV programme for organizing such an amazing and fruitful course to employees. The course was to be re-organized for other employees.



**Learners in the class including Hospital Manager**